IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

18/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Letare, ngomhla ka 15. 03. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe Luka 12:24, lithi: **"Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini ingafi,ihlala yodwa; kepha uma ifa, ithela izithelo eziningi."**

1. Iculo 190/174

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu uMninimandla onke, Baba osezulwini, umusa wakho uyasa usuku nosuku ekuseni, noma kungasifanele ukuba usiphathe ngokulunga konke esikudinga emzimbeni nasemoyeni. Mawusabele uMoya wakho oNgcwele ukuba samukele konke okuhle kwakho ngezinhliziyo ezingcwele ukubonga nokuthokoza, futhi sikhonze kuwe ngokukulalela. Sicela njalo egameni leNkosi uJesu Kristu obusa, ephila kanye nawe noMowa oNgcwele, kuze kube pkakade. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 54:7-10;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-2 kwabaseKorinte 1:3-7.

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Johane 6:55-65.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 170/175

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 12:20-26, lithi: "Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyuka ukuba bakhuleke emkhosini. Lawo-ke aya kuFiliphu waseBetsayida laseGalile, acela kuye, athi: Nkosi, sithanda ukubona uJesu. UFiliphu weza wamtshela uAndreya. Weza uAndreya noFiliphu, basho kuJesu. UJesu waphendula, wathi kubo: Sesifikile isikhathi sokuba ikhazimuliswe iNdodana yomuntu. Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini ingafi, ihlala yodwa; kepha uma ifa, ithela izithelo eziningi. Lowo othanda ukuphila kwakhe ulahlekelwa yikho, nozonda ukuphila kwakhe kulelizwe uyakukulondela ukuphila okuphakade. Uma

umuntu engikhonza, akangilandele; nalapho ngikhona mina, soba-khona nesikhonzi sami. Uma umuntu engikhonza, uBaba uyakumazisa lowo." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini, uJesu Kristu uze emhlabeni ukusambulela inkazimulo kaYise osezulwini. Kuyinkazimulo egcwele umusa neqiniso. Kuphela kwakukhona abaningi ababengayiboni, bengayiqondi. Ngesikhathi sikaIsaya uNkulunkulu usekhulumile ngeNceku yakhe uJesu Kristu ukuthi "kuyinto elula ukuba ube-yinceku yami ukuvusa imindeni yakwaJakobe, nokubuyisa abaseleyo bakwaIsrayeli; ngalokho ngiyakukubeka ube-ngukukhanya kwabezizwe, ube-yinsindiso yami kuze kube-semkhawulweni womhlaba," Isaya 49:6. Yebo, sitsheliwe ukuthi abezizwe bazosondela eJerusalema ukukhonza kuNkulunklulu. Noma bobaba labaya bamaGreki ababecela usizo kuFiliphu ukuba bahlangane noJesu, sebezwile okuningi ngoJesu, noma ngemisebenzi emangalisayo ngokusiza iziguli, noma ngokuvusa uLazaru ekufeni, noma bembonile engena eJerusalema ekhwele embongolweni, noma bezwile indumiso yabantu ababememeza, bathi: "Hosiyana kuyo iNdodana kaDavide! Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi, Hosiyana kweliphezulu!" Ungathi ngalesosikhathi, kakhulu ezinsukweni phambi kwephasika, abantu abaningi babefuna impela ukuhlangan noJesu.

Ekuqaleni kwasehluko 12 kuJohane, sithola umlando kaMariya owagcoba izinyawo zikaJesu. Siyezwa ngencazo kaJesu ukuba bayeke uMaria ukuba awalondolozele usuku lokumbelwa kwakhe. Siyezwa nangokwenza kwabo icebo lokuba babulale noLazaru. Ngalezizindaba siyezwa ukuthi ingozi yayiseduze, kodwa iningi labantu, ungathi nabafundi bakaJesu babengakaqondi kahle okuyakwenzeka. Iningi labo labona indumiso nesixuku sabantu ababehlangana, babheke umsindo owabangwa ngobuningi babantu, kodwa konke lokhu kwakungadukisi uJesu endleleni yakhe ukulungisa insindiso nokuphila okuphakade, wathi: Sesifikile isikhathi, kungabi esokubutha abangane abazomlandela, qhabo, wathi isikhathi sesifikile sokuba iNdodana yomuntu ikhazimuliswe. Ake siqonde ukuthi uJesu usho inkazimulo enjani, uthi iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswe, njengalokhu uMose waphakamisa inyoka ehlane. Kanjalo uJesu uzophakanyiswe nokukhazimuliswa esiphambanweni. EGolegotha wadelelwa ngabaningi, bathi: Usindisile abanye, kwenziwani engazisindisi ngokwehla esiphambanweni? Babengaqondi ukuthi okukhulu okwenziwe nguye esiphambanweni kwakungulungisela abantu bonke, bezikhathi zonke, bezizwe zonke insindiso ngokuzinikela ekufeni, afele abantu abasekubhujisweni ngokwemvelo. UJesu waveza umfanekiso wembewu, wathi: "Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini ingafi, ihlala yodwa; kepha uma ifa, ithela izithelo eziningi." Isithelo sokufa kukaJesu singukuphila.

Bonke abakholwa nguye bayakuba nokuphila okuphakade. Inkazimulo kaJesu ayibonakali kahle ngamehlo ethu nje, uma sibheka okwenzekile ngaloluya Lwesihlanu, kodwa ngosuku lwesithathu ekuvukeni kwakhe kwambulelwa kahle kubo bonke ababekholwa nguye. Ngosuku lokugcina, uma uJesu evusa abafileyo bonke, inkazimulo yakhe izobonakala kubantu bonke, abakholwayo nakubo abangakholwa nguye.

UJesu Kristu wasifundisa kahle ngokwezimiso zikaNkulunklulu sokuthi mhla wamukelwa ezandleni zikaNkulunklu, akufuneki ukuba azame ukubambelela, nokuzilondolozela impilo yakho ngamandla akho, kodwa wamukela ukuphila okuvela kuNkulunkulu. Kodwa uma uzama ukuzilondolozela, nokuziphilela, usengozini yokulahlekelwa ngukuphila. UJesu wathi: "Uma umuntu engikhonza, akangilandele; nalapha ngikhona mina, sobakhona nesikhonzi sami. Uma umuntu engikhonza, uBaba uyakumazisa lowo." UJesu Kristu uyisibonelo esilungileyo ekuphileni kwethu. Kwenzeka ukuba sifunde kahle kuye ukukhonza kwabanye, nokubaphilela. UJesu wenza kanjalo ngenxa yothando lwakhe olukhulu. Yebo, nathi masingazami ukukhonza kwabanye ngaphandle kothando. Umphostoli uPawulu uyaseluleka, uma esho ukuthi "noma ngabela abampofu konke enginakho, noma nginikela umzimba wami ukuba ushiswe, kepha ngingenalo uthando, akungisizi ngalutho." Ukukhonza ngokwakho akusizi lutho ekusindisweni, njengalokhu sikholwa ukuthi asisindiswa ngemisebenzi yethu, kodwa ngenxa yomsebenzi kaJesu Kristu. Ukukhonza abanye nemisebenzi emihle, konke lokhu kuyizithelo kuphela ezizoveza izithelo, uma zitshalwa ukuba zibe inhlamvu yembewu ezophela emhlabathini, njengokusho kwevangeli lentshumayelo yanamuhla elithi: "Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini ingafi, ihlala yodwa; kepha uma ifa, ithela izithelo eziningi."

Siyazi umfanekiso omunye okhomba ukufa nokuvuswa: Ungumbhapathizo, uma umuntu omdala okithi efa ngokudabuka nangokuphenduka, nokuvuswa embhapathizweni ngamandla kaNkulunkulu ukuba kuvela umuntu omusha othokozisa uNkulunkulu. Yikho okumelwe ukwenzeka ngezinsuku zonke. Khona sidinga usizo lukaNkulunkulu nokuvikelwa nguye ukuba okuningi okungaba khona ekuhambeni komuntu okukhazimulayo nokuthokozisa umuntu kungasidukisi, kungasiphambanisi endleleni eqondileyo. Usizo lukhona, ngoba uJesu uhlelile uhlelo kahle ukuba imisebenzi yakhe eyenzelwe thina emasakramenteni, nomsebenzi owenzelwa thina, uma sizwa intshumayelo yevangeli nezwi likaNkulunkulu ukuba ukukholwa kwethu kuqiniswe, sisekelwe ngabamabandla namakholwa asisizayo ngezeluleko nokuxoxisana ngokuzwana ekukholweni. Siqashelwe kahle nguNkulunkulu, masingesabi ukuphathwa ezandleni zakhe, singazami ukuzilondolozela

impilo, kodwa sinikela konke ezandleni zakhe ngokukholwa nangokwazi ukuthi "kwabamthandayo uNkulunkuu konke kusebenzelana kube-ngokuhle, kulabo ababiziweyo ngecebo lakhe."

"Thokozani kanye neJerusalema, nilethabele nina nonke enilithandayo; jabulani ngenjabulo kanye nalo nina nonke enilililelayo, ukuze ninceleni naneliswe ngamabele ezinduduzo zalo, nenyiselwe, nename ngokugcwala kwenkazimulo yalo. Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakwelulela kulo ukuthula njengomfula, nenkazimulo yezizwe njengomfudlana okhukhulayo," Isaya 66:10-12. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, mawusisize njalo ukuba sikhonze kuwe, sikulandele ukuba sabelwe ifa esililungiselwe ezulwini, nokudunyiswa kuBaba osezulwini ngenxa kaKristu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 173/145

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngu-C. D. Weber. ngo-2008

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.